SS 1

Isihloko sesifundo: Ukubizwa kuka-Abrama nesithembiso: uAbrama noLoti

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya

Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **Ukubizwa kuka-Abrama nesithembiso: uAbrama noLoti**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo: • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). **Qaphela:** 2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile. 2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho! *Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.* 2.3: Lesisifundo silungele ibanga le **SS 1**. 2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho we **SS 1** uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.

Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. ***Isibonelo***: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela.
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo se **SS 1** nomunye umndeni osifundayo nawo.

2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.

3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.

4. Khuluma noMxhumanisi wesikole sangeSonto webandla lakho noma uThisha wesiKole abazimisele ukukusiza.

Isifundo

Isihloko	Ukubizwa kuka-Abrama nesithembiso: uAbrama noLoti
Umbhalo weBhayibheli	UGenesise: 12: 1-9; UGenesise 13: 1-18
Inhloso yesifundo	Izingane zifunda ukuthi iNkosi iyasihola futhi isiqondisa ezindleleni zayo nokuthi Yona iyazifeza izethembiso zaYo.

Isifundo esifingqiwe:

● Esifundweni sanamuhla sizozwa ngo-Abrama noLoti.
● U-Abrama noLoti kanye nabelusi babo, amakhosikazi nezingane babehamba beya ezweni elikude. Babenezimvu eziningi, amawundlu nezimbuzi futhi izimbongolo zabo zazithwele imithwalo esindayo.
● Bahamba ezindaweni eziningi ezahlukahlukene nezinzima. Njalo ngezikhathi ezithile bema emgodini wamanzi ukuze izilwane zabo ziphuze amanzi futhi ziphumule.
● Babeka amatende ukuze balale kuwo ngenkathi abanye abelusi begade amatende nezilwane, kodwa, phezu kwabo bonke uNkulunkulu wayebagadile futhi babeka ithemba labo kuYe.
● U-Abrama akaluthathi lolu hambo ngokuzithandela. INkosi yayikhulume naye phambilini.
● Yatshela u-Abrama ukuba ashiye izwe lakhe, abangane bakhe nezihlobo zakhe aye ezweni iNkosi ezomkhombisa lona. UNkulunkulu wathi uzokwenza isizwe esikhulu ngaye futhi uzobusisa u-Abrama. U-Abrama wamethemba ngokuphelele uNkulunkulu.
● Ngemuva kokuhamba izinsuku eziningi, bafika emfuleni okwakumele bawuwele. Ngemuva kokuwela umfula, bazithola bekwelinye izwe. Leli zwe lalinemifudlana eminingi kanye nokudla okungcono kwemfuyo yabo. U-Abrama uyala ukuba kumiswe amatende.
    - Inkosi yabuye yavela ku-Abrama futhi yathi kuye yileli izwe Yena wathembisa ukulinika u-Abrama nenzalo yakhe.
● U-Abrama akazi ukuthi inzalo yakhe izovela kuphi ngoba yena nomkakhe uSarayi abanazo izingane kanti u-Abrama useneminyaka engama-75 ubudala.
● Kukhona okunye okukhathaza u-Abrama, ukuthi sekunabantu abahlala kulo lelizwe (lomhlaba) futhi yena nabalandeli bakhe bayizihambi kuleli lizwe, kodwa u-Abrama uyethemba futhi uyakholelwa ukuthi iNkosi izozifeza izethembiso eyazenza kuye.
● Lokhu kukholwa okuqinile kuvumela u-Abrama ukuthi ajabule, abe nokuthula futhi aneliseke.
● U-Abrama unomuzwa wokuthi ukuvikelwa nguNkulunkulu kuhlala kunabo, kepha ukuthula kuvame ukuphazamiseka.
● Umalusi ka-Abrama noLoti balwa bodwa babanga idlelo elihle nokuthi yimuphi umhlambi okufanele uphuze kuqala.
● U-Abrama unquma ukuthi sinye kuphela isixazululo. Akakuthandi ukulwa ngoba uyindoda enokuthula.
● Uthatha isinqumo sokuthi yena noLoti abakwazi ukuhlala ndawonye endaweni eyodwa. Kuzodingeka ukuthi ngamunye azikhethele isiqeshana somhlaba.
● U-Abrama noLoti baya entabeni lapho bezokwazi ukubona kahle izwe elibheke phambi kwabo. U-Abrama utshela uLoti ukuthi angazikhethela isiqeshana somhlaba. Uma inkatho ikhetha ukuya kwndlela efanayo, yena uzohamba ngenye indlela.

● Ngasempumalanga kukhona umfula iJordani onamadlelo amahle aluhlaza nxazonke zawo. Ngaseningizimu umhlaba uvundile, kepha ezinye izingxenye zomile kakhulu. U-Abrama uvumela uLoti ukuba akhethe kuqala.
● Wakhetha umhlaba osempumalanga nomfula namadlelo aluhlaza.
● Ngakho, u-Abrama wahamba waya kolunye uhlangothi. Wanelisekile. UNkulunkulu ubonile konke.
● UNkulunkulu utshela u-Abrama ukuthi angadabuki. Utshela u-Abrama ukuthi abheke lapho ekhona nhlangothi zonke. Wonke umhlaba u-Abrama awubonayo, iNkosi ithembisa ukumnika wona kanye nenzalo yakhe.
● Utshela u-Abrama ukuthi isizwe sakhe sizokwanda njengothuli lomhlabathi noma isihlabathi solwandle.
● U-Abrama uthola isifunda esingavundile kangako, kepha iNkosi iyaphinda ukumnqinisekisa ngesibambiso u-Abrama, futhi lokhu kuyamjabulisa.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

● Kwesinye isikhathi uNkulunkulu usicela ukuthi senze into enzima kakhulu. Ufuna simethembe. Uzosinika amandla futhi asibusise kuhambo lwethu.
● UNkulunkulu wenza izethembiso eziningi kithi ezwini laKhe. Kumele sethembele kuYe ukufeza lezo zithembiso ezimpilweni zethu.
● Esinye salezi zithembiso ukuthi uJesu uzobuya azosilanda.

Kumele silungiselele ukubuya kukaJesu futhi ukuze senze lokhu sidinga ukholo oluqinile futhi sethembe futhi silalele uNkulunkulu.

Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Ingabe kungani u-Abrama anquma ukushiya izwe ayehlala kulo na?
Impendulo: UNkulunkulu wamtshela ukuthi aqoqe konke bese uqonda ezweni elisha Yena azomkhombisa lona.

2. Ingabe kungani u-Abrama anquma ukuhlukanisa umhlaba Kabili na?
Impendulo: Yiyo kuphela indlela abengagcina ngayo ukuthula ngoba abelusi bebalwa bodwa.

3. Ingabe iNkosi yamthembisani u-Abrama emva kokukhetha isiqephu somhlaba wakhe na?
Impendulo: Wonke umhlaba u-Abrama abewubona iNkosi izomnika wona kanye nenzalo yakhe eyayiyokwanda ngangesihlabathi solwandle.

4. Ingabe sithenjiswe ini na?
Impendulo: Ukuthi uJesu uzobuya futhi azosilanda.

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen

Notes